

Umsuka Wokukhishiza



NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda ku: *Math. 10:34-39, Luka 12:13-21, Filipi 2:5-8, Luka 22:14-30, Math. 23:1-13.*

Indimana Yekhanda: “Ngokuba lapho kukhona umhawu nombango, kukhona isiyaluyalu nezenzo zonke ezimbi” (*Jakobe 3:16*).

Izihlahla okuthiwa yi-Aspen zinhle, zikhula zifike ku 15 – 30 meters ubude. Zikhula kahle emazweni abandayo, lapho ihlobo lipholile khona. Ukhuni lwazo lusetshenziselwa ukwakha impahla yasendlini, umentshisi, nephepha. Izinyamazane nezinye izilwane zivame ukudla lezihlahla ezisencane ebusika njengoba amagxolo azo anomsoco omningi. Ama-Aspen adinga ukukhanya kwelanga okuningi, futhi akhula ngaso sonke isikhathi—nasebusika, okwenza abe ukudla okubalulekile kwezilwane ezihlukene.

Ama aspen kodwa anodumo olubi lokuthi anezimpande eziwuxhaxha phakathi kwezitshalo. Izimpande ziyenaba ngaphansi komhlaba zenze uxhaxha olungasabalala ngokushesha, endaweni ebanzi. Lezihlahla zingaphila iminyaka efinelela ku 150, kodwa okungaphansi komhlaba kungaphila izinkulungwane zeminyaka.

Kulesifundo saleliviki sifuna ukuthola eminye imisuka yokushikashikeka kwethu. Kunezinto eziningi ezingasivimba ukuthi sithole ukuphumula kwangempela kuJesusu. Ezinye zazo zisobala futhi azidingi ukunakwa kakhulu. Ezinye asikho obala kithina, njengoba kunjalo nangezimpande ezinkulu ze-aspen ngaphansi komhlaba, kungenzeka singazazi izimo ezisehlukanisa noMsindisi wethu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 17.*

UJesu Uletha Ukwehlukana

Bambalwa kakhulu abantu abathokozela ingxabano. Silangazela ukuzwana nokuthula. Size sibambe izifundo ezikhuluma ngokwakha ukuthula nokuzazulula izingxabano emabandleni ethu nasezikoleni.

Funda: uMathewu 10:34-39. Usho ukuthini uJesu uma ethi akalethanga ukuthula, kodwa inkemba? Kusho ukuthini lokhu, uma sicabanga ukuthi uJesu “uyiNkosi yokuthula” (*Isaya 9:6*)?

Amazwi kaJesu kuMathewu 10:34-39 ayethusa ngendlela aphikisana ngayo nokwejwayelekile. UMsindisi, oweza njengomntwana ongakwazi ukuzenzela lutho, esikhundleni sokuza eyinkosi enamandla ezungezwe amasosha ekhethelo, owayeshumayela uthando komakhelwane nasezitheni, manje utshela abalandeli baKhe ukuthi ulethe ukwehlukana nengxabano. Abafundi baKhe nabalaleli baKhe bamangala njengoba nathi simangala: *kungenzeka kanjani lokhu?*

UMathewu 10:35-39 empeleni uphathelene nokuthi ukwethembeka kwethu kungakubani. Ecaphuna uMika 7:6, uJesu uphonsela abalaleli baKhe inselelo yokuthi bakhethe izinto zaphakade. Indodana imelwe ukuthanda nokuhlonipha abazali bayo. Kwakudingeka lokho ngaphansi komthetho uMose ayewamukele entabeni. Kwakuyinxenye yendlela yokusebenza kukaNkulunkulu; kodwa, uma lolo thando lwedlula ukuzinikela kuJesu, kwakuzothatha isinqumo esilukhuni. Ubaba nomama bamelwe ukuthanda nokunakekela izingane zabo. Kodwa, uma lolo thando lwedlula ukuzinikela kwabazali kuJesu, kudingeka isinqumo esilukhuni. Okubalulekile, akube phambili, uJesu uyasikhumbuza kulezindimana.

UJesu uchaza lesinqumo ngokwenza imisho emithathu, esebenzisa igama elithi “fanele” yomithathu. Ukufaneleka akwesekelwe phezu kwemithetho yokuziphatha kahle, ngisho nokunqoba isono. Ukufaneleka kwesekelwe phezu kobudlelwane bomuntu noJesu. Sifanelekile uma sikhetha Yena ngaphezu kwakho konke okunye—okuhlanganisa umama, ubaba, noma izingane. Sikhetha ukuhlupheka kwesiphambano, silandele uJesu.

“Anginaso isifiso esingaphezu kokubona abantu abasha bephiwa lowo moya wenkolo emsulwa ezobaholela ekuthini bathathe isiphambano balandele uJesu. Hambani bafundi abasebasha bakaKrestu, nilawulwa umthetho, nembethe izingubo zobumsulwa nokulunga. UMsindisi wenu uzoniqondisa endleleni efanele kahle amathalente enu, nalapho nizokuba lusizo khona.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 87.

Ngesinye isikhathi siyaphoqeka ukuthwala isiphambano esingazikhethelanga sona, kanti ngesinye isikhathi sisithwala ngokuzithandela. Noma kunjalo, yini ebalulekile ukuze usithwale ngokwethembeka lesa siphambano?

Ukuzicabangela

Njengasendabeni ye Aspen nezimpande zayo eziwuxhaxha, ukuzicabangela kuyinxenye yoxhaxha lwangaphansi komhlaba olubizwa ngokuthi “isono,” olusivimbela ukuthi singakutholi ukuphumula kwangempela kuJesu. Kukho konke ukuzibonakalisa kwesono empilweni yethu, ukuzicabangela yikhona okuzibonakalisa kalula, akunjalo na? Kwabaningi bethu, ukuzicabangela kuzifikela kona njengokuphefumula.

Funda: uLuka 12:13-21. Chaza inkinga egqamayo kulendaba kaJesu. Ukuhlelela ikusasa ukuzicabangela yini, nokunganaki umbuso kaNkulunkulu? Uma kungenjalo, pho-ke uJesu usixwayisa ngani?

Lendaba itholakala kuphela ngokubhala kukaLuka, futhi iyimpendulo embuzweni womuntu ongabiziwe ngegama phakathi kwabalaleli. Uma ebuswa ngezamafa, uJesu uphendula ngokukhahlela ukungenelela komuntu wesithathu endabeni yezelamani. Kunalokho, ukhetha ukugxila kulokho okuyinkinga ngempela, ukuzicabangela. Uyagubha, ashone phansi efuna ukutshengisa uxhaxha lwezimpande ngaphansi kwezenzo zethu ngabanye ngabanye.

Ake ucabange ngokuzibonakalisa kokuzicabangela empilweni yakho. Ukuzicabangela kubuthinta kanjani ubudlelwane bethu noNkulunkulu, nesiganene nabo, nemindeni yethu, nebandla, nawomakhelwane bethu Kanye nozakwethu emsebenzini? Sithola yiphi ingqikithi kwabaseFilipi 2:5-8?

Ngokugxila phezu kwezayo yoedwa izidingo nezifiso, lendoda eyisicebi esingalazi negama layo kulendaba kaJesu, yakhohlwa ukucabanga ngamaqiniso ezinto ezingabonwayo zasezulwini. Akusona isisekelo sombuso kaNkulunkulu ukuzifunela okukhudlwana, okungconywa, nokuningana. UPawulu uyasilunguzisa kulokho okwakuyisisusa sokuthi uJesu athathe isinqumo sokufa esikhundleni sethu.

KwabaseFilipi 2:5-8 kuchazwa isisekelo sokungazicabangeli, ukuzithoba, nothando. Uma ukuthanda uNkulunkulu nabanye abantu kungesikho okuqhuba izinqumo zethu, sizoqhubeka sizakhele izinqolobane eziningi lapha, sifake umcebo oyingcosana ezulwini (*Math. 6:20*).

Kungani kulula kangaka ukuzithola usogibeni lokufisa umcebo nezinto zasezweni? Nakuba sonke siyidinga imali yokuziphilisa, kungani kubonakala sengathi noma unengakanani, kodwa usafuna engaphezudlwana?

Ukufisa

Ukufunda ngeviki lokugcina lomsebenzi kaJesu emhlabeni, ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, kuhlale kuyinkuthazo kunike noqozi. Futhi kusinika isithombe sezinto ezimbi ezenziwa abantu beqhutshwa ukushikashikeka nokufisa.

Funda: uLuka 22:14-30 bese ucabanga ngemizwa kaJesu uma ezwa abafundi baKhe beqophisana kulesidlo esingewele, ngokuthi ubani phakathi kwabo oyobizwa ngokuthi mkhulu kunabo bonke (*Luka 22:24*). Kungani abafundi begudluka kulenkonzongaka, begxila ezikhundleni zasemhlabeni?

Asivamile ukuxoxa nabanye abantu ngokuthi ubani omkhulu ebandleni lethu, emndenini, noma emsebenzini. Singazindla kakhulu ngalokhu, kodwa ubani ngempela oke akhulume ngalokhu esidlangalaleni?

Kwakungekona okokuqala ukuqhamuka kwalombuzo phakathi kwabalandeli bakaJesu. UMathewu 18:1 usitshela ngabafundi bebuza uJesu ngendlela egwegwelezayo, bethi: “Ngubani omkhulu embusweni wezulu na?” Ipendulo kaJesu iphethe isifundo esibonakalayo. Esebize ingane, wayimisa phakathi kwesixuku. Bonke bavula amehlo; kwaphakama izinhlonze. Isenzo sikaJesu sidinga ukuchazwa, kanti kuMathewu 18:3 uyasichaza, athi: “Ngokuqinisekile, ngithi kini, ngaphandle kokuthi niguquke nifane nezingane ezincane, ngeke ningene embusweni wezulu” (*NKJV*).

Ukuguquka kuyisisekelo sokuthola ukuphumula kweqiniso kuJesu. Siyazi ukuthi sidinga usizo oluvela ngaphandle. Manje siyabona ukuthi ngeke sizethembe thina, kodwa sidinga ukwethembela kuJesu. Sibona ukuguquka kwezinto esikholelwa kuzona, nezifiso zethu. UJesu utshela abafundi baKhe uthi: *Ngethembeni, nencike Kimi njengalengane. Ubukhulu beqiniso kusho ukudela amalungelo akho, wamukele izimiso zasembusweni.*

Ngeshwa, kubonakala ukuthi abafundi babengakasifundi lesifundo ngesikhathi uJesu edla nabo isidlo sokugcina. Ukuxabana kwabo nokuphikisana kwalona ithuba lokuzwana okuphelele elalingeke liphinde libuye futhi.

Konke lokhu, ngisho ngemuva kokuba noJesu iminyaka ethile, besebenza naYe, behlezi ezinyaweni zaKhe bezwa amazwi aKhe? Lesi isibonelo esidumazayo sokukhohlakala kwenhliziyo yomuntu. Okuhle nokho, cabanga ngomusa weNkosi ohlale ukhona njalo, noma kukhona ingxoxo edumazayo phakathi kwabalandeli baKhe, uJesu akazange abadele.

Kungani ukuhlala sigxilise amehlo ethu kuJesu esiphambanweni kuyikhambi elinamandla lokulwa nokufisa ukuziphakamisa, okuyinto sonke thina bantu, esihlulayo?

Ukuzenzisa

Umzenzisi umuntu olingisayo, ofuna ukubukeka eyilokho angekona. Leligama lisetshenziswe izikhathi eziyisikhombisa kuMathewu 23 enkulumweni lapho uJesu esola ngokusobala ababhali nabaFarisi, abaholi benkolo yamaJuda (*Math. 23:13, 14, 15, 23, 25, 27, 29*). Izincwadi zevangeli zitshengisa uJesu enikeza ngomusa nentethelelo kulabo abayiziphingi, abathelisi, izifebe, ngisho nababulali, kodwa watshengisa uzwelo oluncane ngabazenzisi (*bheka ezinye izindimana kuMath. 6:2, 5, 16; Math. 7:5; Math. 15:7-9; Math. 22:18*).

Funda: uMathewu 23:1-13, wenze uhla lwezimpawu ezine ezigqamile zomzenzisi ezishiwo nguJesu.

UJesu umatanisa izimpawu ezine nababhali nabaFarisi. Enhlalweni yobuJuda ngonyaka-khulu wokuqala, abaFarisi kwakungabantu abasadla ngoludala. Babenomdlandla emthethweni obhaliwe nalowo okhulunywa ngomlomo, futhi begcizelela ukugcinwa kwamasiko okuhlanzeka. Ngakolunye uhlangothi kwakukhona abaSadusi, iningi labo kuyizicebi, abavame ukubalwa nabapristi abacebile. Babephila ngokwendlela yamaGriki, besikhuluma isiGriki, futhi bengakholwa ukuthi kukhona ukwahlulela novuko. Singababiza ngokuthi ama-*liberals*. Womabili lamaqembu ayengabazenzisi.

Ngokusho kukaJesu, singabazenzisi uma singenzi njengokusho kwethu, uma senza inkolo ibe lukhuni kwabanye kodwa lobo bukhuni singabusebenzisi kithina, uma sifuna abanye bancome intshisekelo yethu kwezenkolo, noma sifuna inhlonipho nodumo olungolukaBaba wethu osezulwini kuphela.

Akukhathalekile ukuthi amazwi aKhe ayebukhali kangakanani, futhi eqonde-ngqo, ukuxoxisana kukaJesu nalabo ababiza ngabazenzisi kwakulokhu kugcwele uthando nozwelo, nakulabazenzisi imbhala.

“Isihe sezulu sasisebusweni beNdodana kaNkulunkulu ngesikhathi ibuka ithempeli isikhathi eside, yase iphundukela kubalaleli baYo. Ngezwi elidlengezela ngomunye wenhliziyo, nezinyembezi, wathi: ‘Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga!’ “—Ellen G. *White, The Desire of Ages*, p. 620.

Kungani ungadingi nokuba umholi kwezenkolo ukuze ube necala lokwenza ukuzenzisa okufana nalokho uJesu ayekugxeka kangaka lapha? Singenza kanjani ukuze sikubone lokho kuzenzisa uma kukhona kithina, nokuthi singahlukana kanjani nakho?

Ukusiphula Ukushikashikeka

Funda: uJohane 14:1-6. Phakathi nokwethu ukushikashikeka, yini ingqikithi yokunqoba ukwehlukana, ukuzicabangela, ukufisa, ukuzenzisa, sithole ukuphumula kweqiniso?

Ukunqoba ukushikashikeka kuqala ngoJesu njalo-nje. UYena indlela, iqiniso, nokuphila. Uyayazi okuyiyona ndlela uma sizula ngokungenanjongo ehlane lomhlaba wethu ogcwele ezokuxhumana; njengoMshayi-mthetho wasezulwini, Yena uqobo lwaKhe uyiqiniso eliphilayo, uMoya waKhe uzosiqondisa kulo lonke iqiniso (*Johane 16:13*). Uma sizwa ubuhlungu, sikhathele, sigula, noma sidangele, ungukuphila—hhayi-nje ukuphila okwejwayelekile. Empeleni, usethembise ukuphila okuchichimayo (*Johane 10:10*). Lokhu kuhlenganisa nekhaya lethu laphakade nokuphila kwaphakade, kodwa futhi kubandakanya izing elehlukile lokuphila lapha. UMdali noma kanjani uyakwazi ukupha ngokuchichimayo, okungaphezu kwesilinganiso, khona manje.

“Inhliziyo yenu mayingakhathazeki” leso isimemo sokuthi siphile ngokulindela. Uma sizizwa siphansi, unamandla okusibeka ezingeni eliphakeme.

Uma sinekinga ngobumnyama nesono, uYena ozoqala aphinde aphelelise umsebenzi omuhle kithina (*Filipi 1:6*).

Noma isimo singaba sibi kangakanani la, (futhi kunjalo, singaba sibi) bheka isithembiso esisiphiwe kuJesu. Usilungisela indawo, indawo lapho ubuhlungu bethu, ukushikashikeka, nokuhlupheka kuyobe sekuxoshwe unomphelo. Yilo lelo themba esilini kiwe kuKrestu Jesu, futhi liphilwe thina sonke, kungakhathalekile ukuthi ungubani, ukuthi uvelaphi, nokuthi izimpilo zethu bezenyanyeka kanjani ngaphambili, namanje.

Okumqoka kodwa, ukuthi size kuNkulunkulu noma kunjalo, ebuthakathakeni bethu, ebuhlungwini bethu, ekudabukeni kwethu, nakulesimo sethu sokuwa, sazi ukuthi uyasamukela noma kunjalo. Unjalo-ke umusa. Asikholwe ukuthi siyawunikwa uma siwucela ngokukholwa.

Funda: uJeremiya 3:22. UNkulunkulu uthi asenzeni, futhi uzophendula ngokusenzelani?

Cabanga ngalamazwi kaJesu: “Ngiyobuya futhi nginamukele; ukuze lapho ngikhona, nibe khona nani” (*Johane 14:3, NKJV*). Kufanele kusitsheleni lokhu ngokubaluleka kwesithembiso sokubuya kukaJesu na? Kakhulukazi kithina maAdventist (ngendlela esiqonda ngayo ukufa), kungani isithembiso sokubuya kwaKhe siyigugu kangaka?

Ukujula Nomcabango: “Ngeke kube khona ukukhula noma izithelo empilweni yomuntu ozibheke yena yedwa. Uma wamukele uKrestu njengoMsindisi wakho, kufanele uzikhohlwe wena, uzame ukusiza abanye. Khuluma ngothando lukaKrestu, khuluma ngokulunga kwaKhe. Yenza wonke umsebenzi oqhamukayo. Thwala umthwalo wemiphefumulo enhliziyweni yakho, ngawo wonke amandla akho zama ukusindisa abalahlekile. Ngokwamukela uMoya kaKrestu—uMoya wothondo olungenakuzicabangela nowokusebenzela abanye—uzokhula, uthele izithelo. Ubuhle bukaMoya buzogcwaliseka esimilweni sakho. Ukukholwa kwakho kuzokhula, amaqiniso owamukelayo azojula, uthando lwakho lupheleleliswe. Uzolokhu ukhula ekubonakaliseni umfanekiso kaKrestu kukho konke okumsulwa, nokuhle.”—Ellen G. White, *Christ’s Object Lessons*, pp. 67, 68.

Ekuxazululeni izindaba phakathi kwamalunga ebandla, “Izinkulumo zithathe isikhathi eselulekile phakathi kwabathintekayo, kanti akuchithwa-nje isikhathi sabo, kodwa izincku zikaNkulunkulu zicindezelekile ukulalela, kodwa izinhliziyi zalabo ababili abathintekayo azithobekanga ngomusa.

Uma kungabekwa eceleni ukuziphakamisa nokuzicabangela, imizuzu emihlanu yanele ukuxazulula izinkinga eziningi.”—Ellen G. White, *Early Writings*, p. 119.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Eklasini, cabangani ngezindlela ezibonakalayo zokunqoba ukuzicabangela. Ningenza kanjani ukwakha ukuziphendulela omunye komunye, ukuze lezincomo zifezeke?
- ② Ukufisa akukubi ngaso sonke isikhathi. Kodwa, singazilangazela kanjani futhi sizicabange kanjani izinto ezinkulu ezivela kuNkulunkulu ngaphandle kokuwela ogibeni lokunqotshwa ukufisa?
- ③ Abanengi bethu abakutshengisi ngaphandle ukufisa, ukuzenzisa, ukuzicabangela, nomhawu. Sikwazi kakhulu ukutshengisa isithombe sangaphandle esimsulwa. Kodwa njengoxhaxha lwezimpande lwesihlahla se *aspen*, zonke lezimpawu ezimbi zikhona ngaphansi kwesikhumba. Ukuguqulwa kwesimilo ngokusizwa uMoya, kubukeka kanjani? Singayinqoba kanjani impande yokushikashikeka, sithole ukuphumula kwangempela kuJesu?
- ④ Ake ugxile kwimpendulo yakho embuzweni wokugcina wangolwesiHlanu mayelana nokubaluleka kokubuya kukaJesu. Vele phela, ngaphandle kwalokho, sinathemba lini? Ngaphandle kwalokho bekuzosenzelani ukuza kwKhe kokuqala, njengoba sazi ukuthi abafileyo balele kuze kube uvuko, okuyinto eyokwenzeka kuphela ngokubuya kukaKrestu?